



**Address by His Worship, the Mayor, Cllr James Nxumalo,
On the Occasion of the Worlds AIDS Day Commemoration**

**27 November 2015-09h00
Mkhumbi Sports Ground, KwaMakhutha**

- Mpathi woHlelo,
- Amalungu esiGungu esiPhezulu sikaMasipala,
- AmaKhansela,
- Izinhlangotho ezingekho ngaphasi kwaHulumeni,
- Mphakathi wakwaMakhutha namaphethelo,
- Izihambeli zethu,
- Bantu bakithi,
- Nabo bonke abantu ngokwamazinga abo,

Ngiyanibingelela mphakathi waKwaMakhutha namaphethelo. Ngiyajabula ukunibona niphume ngobuningi benu nizogubha nathu lolusuku olubalulekile olugujwa umhlaba wonke jikelele olwaziwa nge-World AIDS Day.

Mpathi woHlelo, uHulumeni ebambisene nani mphakathi wakithi kanye nezinhlango ezizimele usebenza kakhulu ekulweni neHIV ne TB. Inani labantu ababulawa yiHIV selehle kakhulu kanjalo nezinga lokushona kwabantu abasha lehle kakhulu. Lokhu kuchaza ukuthi abantu sebeyakwazi ukuphila isikhathi eside nesandulela ngculazi inqobo nje uma bezinakekela ngendlela efanele.

Noma kunjalo, ake siyibuke ngelinye ihlo lento ye HIV neTB. ITheku lingamanye lamadholobha aziwa ngokuba nabantu abaningi abane HIV ne TB. Abantu abaN HIV positive eThekwini balinganiselwa ku-650 000. Balinganiselwa ku-200 000 abantu abaphila naleli gciwane lapha eThekwini kodwa abangazi ngoba abakaze baye ukuyozihlola emtholampilo. Lokhu kuyingozi futhi kusho ukuthi makhulu amathuba okuthi bathelele abanye abantu ngegciwane.

Yingakho sigcizelela ukuthi abantu mabaye emtholampilo beyohlalela iHIV ukuze bakwazi ukuzinakelela ngendlela efanele futhi baphinde bavikele abantu abasondelene nabo ukuthi bengatheleleki. Sihlose ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu uyasazi isimo sakhe seHIV nokuthi bonke abantu abaphila negciwane bathole imishanguzo efanele.

Kukhona isu elisha lika 90-90-90 lapho sithi khona u90 phesenti wabantu abaN HIV positive kumele bazi ukuthi baphila nesandulela ngculazi. Kulabantu kumele kuthi u90 phesenti abadinga ama ARVs bathole ukwelashwa ngendlela efanele futhi baqhubeke bahambe umtholampilo. Lo 90 wokugcina uchaza ukuthi sifuna ukuqinisekisa ukuthi abantu abawu 90 phesenti babe nezinga legciwane eliphansi emzimbeni yabo ukuze bengaguli. Yize belinganiselwa ku-350 000 abadla imishanguzo ye-HIV ama anti retro virals, zikhona izingqinamba esibhekene nazo.

Kukhona abantu abafakwa ohelelweni lwama ARV kodwa abavele bawayeke. Ama ARV kumele uwadle impilo yakho yonke ungawayeki endleleni ngoba lokhu kubeka izimpilo zabanye abantu engcupheni ukuthi bathole igciwane elinamandla elilawuleka kanzima.

Okwesibili, izinga lokukhulelwa kwamantombazane asemancane liphezulu. Lokhu kuchaza ukuthi iningi lamantombazane amancane azibandakanya ocansini olungaphephile futhi bazibeka engcupheni yokutheleleka nge HIV. Akusiphathi kahle neze ukuthi ukutheleleka nge HIV sekuphinde kwanyuka emantombazaneni amancane kanye nabantu besifazane abaphakathi kweminyaka ewu-15 kuya ku 25 ubudala.

Kuyasithokozisa ukuthi kukhona ithimba labantu abasha baseThekwini abagquguzela ukuthi amantombazane aziphathe kahle, azithande futhi azinakekele. Bantu abasha, ikakhulukazi amantombazane, kumele nikhumbule ukuthi unempilo eyodwa, zivikele uyithande impilo yakho.

Kuyasikhathaza ukuthi njalo ngenyanga abantu besifazane baseThekwini abalinganiselwa ku-350 babika amacala okudlwengulwa. Noma lesi kuyisimo esinganambithisiseki ngisho kumuntu wesifazane osekhulile, kuyathusa ukuthi ingxenye yalamacala okudlwengula ibikwa izingane ezingaphansi kweminyaka ewu-12.

Nje ngoba sisanda kwethula uhlelo lwe 16 Days of Activism Against Women and Children Abuse, okuwuhlelo olwenzeka njalo ngonyaka ukuqguquzela ukuvikelwa kwabantu besifazane nezingane, asikhumbule ukuthi u50 phesenti wabesifazane bahlukunyezwa ngenzindlela ezahlukene. Lapha kubalwa ukuhlukunyewa ngokushaywa noma ukuhlukunyezwa ngamagama. Kumele silwisane nalokhu.

Mphathi woHlelo, uma sibheka umthelelela weHIV ne AIDS emiphakathini yethu, siyethemba ukuthi inkomfa yemhlaba, i-International Aids 2016 Conference, ezobanjelwa la eThekwini ngo

July 2016 izosisiza ukuthi sithole amasu okubhekana nalezingqinamba.

Segiphetha, masibambisane sonke ukuze silethe izinguquko emiphakathini yethu siqobe lombulalazwe we HIV.

Sithi phansi ngengculazi phansi! Phansi ngokutheleleka phansi! Phansi ngokucwasana phansi! Phansi ngokubulawa ingculazi phansi!

Ngiyabonga!